



Umyalezo
omuhle
wencwadi

Engenamazwi

(Yabantwana abakhulileyo neyabadala)

IsiZulu

The Wordless Book

“A colourful Way to Share the Gospel”

The Wordless Book originally comprised only three pages – **Black**, **Red** and **White**. It was introduced by Charles Spurgeon in 1866 when preaching at the Metropolitan Tabernacle in London. His sermon was entitled “*The Wordless Book*”. Mr. Spurgeon told of an elderly pastor WHO had put three pages of these colours together, and often referred to them to remind himself of his own sinfulness (black), of Christ’s blood poured out for him (red), and of the “whiter-than-snow” purification, as granted by the Lord.

It is not known exactly when the **Gold** page was added, but that brought another dimension to the book. It depicted the glory of God and His heavenly home. Nine years later, D.L. Moody used the book of colours at a children’s service. An estimated 12 000 people attended to listen to his message about A book with four pages: Black, Red, White and Gold.


When Child Evangelism Fellowship (CEF) began to print the little book in 1939, they added another page of **Green**, to represent Christian growth.

In 1993, **AMOS** was founded by Hennie and Janetta Viljoen. **AMOS** realized the value of the Wordless Book in teaching the gospel to the illiterate. They, however, wanted it to tell the complete message of the Bible, and therefore in 1994 added the final colour of **Blue** to the Wordless Book, to remind us of the promised return of Christ.

It later came to light that the International Children’s Ministry Institute (ICMI) had the same vision, and had already added a blue page in 1988.







ISBN 978-1-920318-59-2

Revised: May 2016



Isandulo

Wena ubalulekile kakhulu. Ungahle udle ifa elingaphezu kwalokho obukucabanga noma obukuphupha. Futhi kuyoxazululwa zonke izinkinga zakho. EBhayibhelini ungafunda ukuthi kungenzeka kanjani. encwadi iyincazelo elula yamazwi aseBhayibhelini. Ukukusiza ukuthi ukhumbule kalula lamazwi, ayachazwa ngeNcwadi eNgenamazwi. INcwadi eNgenamaziwi ayinamazwi. Inemibala eyisithupha kuphela. Umbala nombala ukhomba indaba ethize eziyizindaba ezisemqoka empilweni okumele uzazi uzikholwe.

	Oyigolide:	uNkulunkulu uyiNkosi
	Onokungcola:	Izono zingcolisa impilo yakho
	Obomvu:	Igazi likaJesu
	Okhanyayo:	uKugezwa uhlanzeke
	Oluhlaza:	Ukukhula enkolweni (isithelo esi-hlumayo)
	Oyisibha-kabhaka:	UJesu uyabuya (Siluhlaza)

Lamazwi awayi semqoka nje empilweni yakho kuphela, kodwa nakubo bonke abantu. Kungakho-ke ukuthi umelwe ukubatshele abanye ngawo. Ukukusiza lencwadi itholakala ngezilimi ezihlukeneyo.

Uma uwafunda uwakholwe lamazwi, impilo yakho ngeke isale ibe-njalo. Funda kamnandi!

AMOS



Kukhona nje uNkulunkulu oyedwa weqiniso, yena Uyakuthanda!

Ekuqaleni kwakungekho lutho, nguNkulunkulu kuphela. Wa dalake konke. Konke okukubonayo nalokho ongakuboni. Konke ongakucabangayo nalokho ongazange wakucabangela. Konke ongakuzwayo, nalokho ongakuthintayo nongakunukayo. Okumangalisayo kukho konke uNkulu-nkulu akwenza kungumuntu. Wakwenza nawe. Kungakho ebizwa ukuthi unguMdali.

UNkulunkulu akazange edala umhlaba nakho konke okukuwo wase ewuyekela nje. Kepha usaqhubeka ukugcina konke akudalile. Ugcina izinkanyezi ezinkulu zihlale ezindaweni zazo, kodwa uwondla futhi imizwilili nezimpethwaena ezincane. Futhi usabondla nabantu.

Ngokuba uNkulunkulu wenze konke, akukho lutho nangubani ongaphezulu, ongcono nohlakaniiphile nonamandla angaphezulu nosemqoka kunaye. Kungakho uNkulunkulu uyedwa weqiniso kunguye uNkulunkulu odale konke. Uma ekhona umuntu noma into ebalulekile kunaloNkulunkulu kuwe, usalibele ukukhonza isithixo, ngokuba kukhona nje uNkulunkulu oyedwa. Kungakho-ke awunakukhonza nokuthandazela noma yini okudalwe nguNkulunkulu esikhundleni sikaNkulunkulu, noma ngabe wena uqobo noma abanye abantu noma idlozi nezingelosi.

UNkulunkulu uhlukene ngempela kukho konke akudalileyo. Ubona konke uyazi konke. Noma ungakwazi ukumbona ukhona ngalesosikhathi manje kuzo zonke izindawo. Konke athanda ukukwenza uyakwenza. Kepha into eyodwa

uNkulunkulu angathandi ukwenza nakanye, yisono.
UNkulunkulu ongcwele - akanasono!

Okumangalisayo okuphezu kukho konke yilokhu:
LoNkulunkulu ongcwele uyakuthanda. Noma emkhulu kangaka ukuthi angadingi lutho noma ubani, uyakwazi ngegama lakho uthanda ukukuphatha kahle. Awumelwe ukuthola uthando lwaloNkulunkulu ngeminikelo noma nezipho. Awumelwe ukuziqopha noma ukuzilimaza ngaphambi kokuba akuthande noma akusize. Uyakuthanda - nje ngoba unjalo.

Uthanda ukuba nguNkulunkulu wakho, kodwa futhi uthanda ukuthi ube ngumntwana wakhe. Kodwa kukhona into evimbayo ukuthi ube nje kalula umntwana kaNkulunkulu. Ikhasi incwadi elingcolile liyakufundisa ukuthi kuyini lokho.

Funda leziziqhephu eBhayibhelini ukufhi ungamazi uNkulunkulu kangcono:

UGenesisise 1:1-2:4a	ulsaya 45:20-25
UDuteronomi 6:4	NgokukaMathewu 6:24-33, 10:29-31
UNehemiya 9:5-37	NgokukaJohane 3:16
UJobe 11:7-9	IZenzo 17:24-31
AmaHubo 139:1-18	KwabaseRoma 1:18-25 ne 11:33-36
ulsaya 44:6-26	1 kuThimothewu 1:17



Ugcwele izono, awukwazi Ukuzisindisa

UNkulunkulu akaphoqanga uAdamu noEva, abantu abadalwe kuqala, ukuthi bamthande. Wabenza kanjena ukuthi bangazikhethela ukuzimisela ukumthanda bamhloniphe. USathane ubalinge, banquma ukungalaleli uNkulunkulu. Bonile. Manje omunye nomunye umuntu ozalwayo unjengoAdamu nangoEva - izoni. Lokho kuchaza ukuthi akunamuntu ongakufundisa izinto ezimbi, uzenza ngokwakho. Ngokuba bonke abantu bazalwa beyizoni, omunye nomunye umuntu uyenza izono. Akukho muntu ongenasono. (KwabaseRoma 3:23)

Kepha siyini izono na? EBhayibhelini uNkulunkulu uqobo uyasitshela ukuthi siyini. Isono siyikungalaleli uNkulunkulu. Siyikungathandi uNkulunkulu nabanye abantu. Uma ungathandi uNkulunkulu nabanye abantu, ucabanga, usho futhi uwenze izinto ezimbi nezingalungile kubo. Uzindla ukuthi ungabalimaza kanjani abanye noma unga-thola kanjani izimpahla zabo. Ubathela ngenhlamba futhi ubaqambele amanga. Uhamba usakaze zonke izinto ezimbi ngabo. Awuthandi ukusebenza, utshontsha izimpahla zabo. Futhi uma uphula noma ushisa izimpahla zabo, kuveza obala ukuthi awubathandi nakanye. Ukukhishwa kwesisu (ukubulawa komntwana ongakazalwa), ukuhlukana kwabashadileyo, ukudlwengula nokuphatha kabi abantwana, kubi kakhulu emehlweni kaNkulunkulu. Zonke izinto ezinjalo ziveza obala ukuthi awumthandi uNkulunkulu kanye nabanye abantu. Kungakho kuyisono.

Kodwa noma nokho ungenzi neyodwa yalezizinto, usasala

ube ngumoni, wenze nokho izono, ngokuba nxa ungenzi into ethandwa nguNkulunkulu, awumlaleli.

Umelwe wenzeni na? UNkulunkulu ufuna ukuthi umthande umlalele umkhonze. Umelwe ukuthanda abanye njengoba uzithanda wena. Konke othanda ukuthi abanye bakwe-nzele wena, umelwe ukukwenza kubo. Uma ungakwenzi, wenza izono.

Inkinga yakho kanti inkulu. Akusizo nje izono ozenzayo ezenza ukuba ungabi ngumntwana kaNkulunkulu, kodwa uthikaziswa ngudaba lokuthi ungumoni! Udingeka ukuthi uNkulunkulu akujezise ngunaphakade esihogweni futhi awunakwenza lutho ukuzivikela nokubalekela lesisijeziso.

Kodwa nokho kukhona indaba enhle. Ngokuba uNkulu-nkulu uyakuthanda kangaka, wenze isu elimangalisayo. Ngalelisu ufundiswa yikhasi elibomvu.

Funda iziqhephu ezilandelayo zizokukusiza ukwazi ukuthi ziyini izono nokuthi sibi kangakanani kuwe:

UGenesise 3:1-24	NgokukaMathewu 5:21,22 ne 27-28
UEksodusi 20:1-17	NgokukaMathewu 7:12 ne 22:34-40
USamuweli 1 15:22-23	NgokukaJohane 16:8-9
AmaHubo 51:7	KwabaseRoma 3:9-26 ne 5:12-21
Ulsaya 5:8-24	Kwabase-Efesu 2:1-3
UJeremiya 22:13-19	EkaJakobe 1:13-15
UMalaki 2:15-16	IsAmbulo 21:8



UNkulunkulu uthuma iNdodana yakhe uJesu ukuzokusindisa

Noma bonke abantu benza izono, uNkulunkulu akayekanga ukubathanda, ngokuba uNkulunkulu uluthando. (1 kaJohane 4:8-10) Kodwa uNkulunkulu akasilo nje uthando kuphela, ungwele, futhi ulungile. Uyazizonda izono kungakho umele ukuzijezisa izono.

Uzoqonda kuqala ukuthi uthando lukaNkulunkulu lungakani ngomoni uma uqonda ukuthi uNkulunkulu wazinikela ukuthwala isijeziso sezono zakho. Ukuphumelela ukukwenza lokho, kwadingeka ukuthi enze ukuthi iNdodana yakhe izalwe ibe-ngumuntu emhlabeni. Kwenzeka kanjani lokho na? UNkulunkulu wenza isimangaliso. UMoya wakhe oNgcwele wafikela phezu kowesifazane oyintombi. Amandla kaMoya oNgcwele enza ukuthi lowesifazane akhulelwe. Lokho kwenzeka engakahlangananga nowe-silisa. UNkulunkulu wathi aliqanjwe igama loMntwana libe-nguJesu ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo. UJesu kambe unguNkulunkulu uqobo kodwa ungumuntu futhi uqobo.

USathane walinga uJesu engumuntu, kepha wayelalela njalo uNkulunkulu. Akenzanga izono nakanye. Kungakho-ke wayenamandla ukuthwala isijeziso sezono zami ne-zakho. Wafa esikhundleni sami nesakho esiphambanweni.

Ngokuba enguNkulunkulu uqobo, wanqoba ukufa, ngokuvuka kwabafileyo ngemva kwezinsuku ezintathu. Ngokuvuka kwakhe ekufeni wanqoba uSathane na nawo onke Amandla nababusi bezwe balobubumnyama.

Weza ukuzosikhulula emandleni ezono. Ngemva kwezinsuku ezingamashumi amane evukile ekufeni wabuyela ezulwini. Ngemva kwezinsuku eziyishumi yena noNkulunkulu-uYise wasithumelela uMoya oNgcwele kithi. KunguMoya oNgcwele owenza ukuthi abantu bakholwe ukuthi uJesu wafela izono zabo esiphambanweni.

UJesu unguMlamuleli oyedwa. (1 kuTimothewu 2:5) Izone zahlukanisa kude uNkulunkulu nabantu. Ngokuba kunguJesu nje kuphela ongenasono kwabanguye nje kuphela ongabuyisana uNkulunkulu nabantu futhi. Lokho waku feza lesosikhathi elenga phakathi kwezulu nomhlaba esiphambanweni. Yilapho aletha ukuthula ngegazi lakhe ukubuyisana uNkulunkulu nabantu.

Owenze izono ngokwakhe yena udinga uMlamuleli noMkhululi, kungakho onjalo engakwazi ukukusiza ukufika kuNkulunkulu. Kuchaza ukuthi unina kaJesu (uMariya) nokhokho bakho abafa abanakukusiza. Na nabaprofethi nomholi wenkolo noma nobani udumileyo noma wayiphi inkolo akanakusisa akakwazi ukukwenza. NguJesu nje kuphela ungakwenza! Funda NgokukaJohane 14:6.

Iziqephu ezilandelayo zichaza impilo nomsebenzi kaJesu, uMsindisi oyedwa:

Funda iVangeli NgokukaMarku	1 kwabaseKorinthe 15:1-6
NgokukaLuka 1:26-38 ne 2:1-10	KumaHeberu 4:14-16
NgokukaLuka 22:47-24:53	KumaHeberu 10:11-18
NgokukaJohane 1:1-18 ne 14:6-11	1 kaJohane 3:4-8
KwabaseRoma 1:2-6	IsAmbulo 5:8-14



Uma ukholwa kuJesu, ungaqiniseka ukuthi usindisiwe

UJesu Kristu usekwenzele konke okudingekayo ukuba ubeng umntwana kaNkulunkulu. Uthanda ukususa nazo zonke izono ezakho ukuthi impilo yakho ibe-ihlanzekile. Kodwa ukukwazi lokho, akukwenzi umntwana kaNkulunkulu. Umelwe ukholwe ukuthi uJesu ukwenzele konke lokhu wena uqobo! Umelwe ukuthi ukwenze kube-ngokwakho. Cishe kufane nesitsha esinokudla. Ngeke kususe uku-lamba kwakho uma unolwazi nje ngesitsha esinokudla. Akwanele nje futhi ukuthi uthinte ukudla ngesandla sakho ukuthathe ukubeke phambi kwakho etafuleni. Umelwe ukudle kuqala ngaphambi kokuba kudelise ukulamba kwa-kho kube nenzuzo kuwe. Ufanele-ke ukholwe ukwamukele ukuthi uJesu ufe esikhundleni sakho.

Njengoba uJesu wajeziswa ngenxa yezono zakho, awukwazi ukumemukela nje uJesu, ngemva kwalokho uqhubeka ukuphila ezonweni. Umelwe ukuzimisela ukufulathela zonke izono, ulalele uNkulunkulu. Uma ukwenza lokho, kungenzeka ukuthi uzolahlekelwa abangani bakho abadala ngokuba ungaqhubeki ukwenza izinto ezimbi nezingalungile kanye nabo. UJesu wathi izwe lizozonda bonke aba-kholwa kuye, ngokuba nabo babemzonda. Ngeke kubelula njalo ukuba ubengumntwana kaNkulunkulu. Kanti-ke-nokho umelwe ukuzimisela ukumlandela uJesu, ngokuba nguye yedwa nje ongakukhulula ezonweni zakho, akunikele ukuphila okuphakade. Uphoqekile ukuthi unqume manje.

Uma uthanda ukumemukela uJesu, ungathandaza umkhuleko olandelayo: **Jesu, ngiyazisola kakhulu ngezono zami, ngiyazi ukuthi anginakwenza lutho**

ukuzisindisa. Futhi ngiyakholwa ukuthi uthwale nesijeziso sezono zami. Ngithethelele zonke izono zami, ngenze ngibengumntwana wakho. Ngisize ukuthi ngenze okuthandwa nguwe kusukela namhlanje. [Futhi ungakhuleka ngamazwi akho.]

Uma umemukele uJesu, uNkulunkulu uyakuqiniseka ngokukaJohane 1:12 na kwe 1 ka Johane 5:12-13 ukuthi ungumntwana wakhe futhi unokuphila okuphakade. Uqinisekileke ngensindiso yakho - hhayi ngokuba uzizwa kanjalo, kodwa ngokuba uNkulunkulu uqobo usho kanjalo. Njengokuba umemukele uJesu njengoMsindisi wakho, uhlala kuwe ngoMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele uzokunikela isifiso namandla okuphila njengomntwana kaNkulunkulu. Futhi uzokunikeza isiqiniseko sokuthi uNkulunkulu unguBaba wakho.

Njengokuba uKristu ususe zonke izono zakho, uNkulunkulu uthi ulungile. Ngeke asakujezisa ngezono zakho. Ngakho-ke umelwe manje uphilele uNkulunkulu ngokubonga umlalele.

Uma uthanda ukufunda ngokuqhubeka maqondana zonke lezizinto, ungafunda eBhayibhelini iziqephu ezilandelayo:

NgokukaMathewu 16:24-26	KwabaseRoma 10:9-13
NgokukaJohane 6:66-69	2 kwabaseKorinte 5:14-21
NgokukaJohane 15:18-27	KwabaseGalathiya 5:13-26
IzEnzo 16:30-31	Kwabase-Efesu 1:1-14 ne 2:1-10
KwabaseRoma 5:1-11	Kwabase-Efese 4:17-6:20
KwabaseRoma 8:1-39	1 kaPetru 1:13-16



Njengoba ungumntwana kaNkulunkulu, ufanele ukuphila

Uma umemukele uJesu, ungumntwana-ke kaNkulunkulu - usindisiwe-ke. Kodwa ufana njesihlahlana esincane esiluhlaza esifanele ukukhula sibe-namandla. Umele-ke ukukhula enkolweni. Umelwe ukumazi kangcono uNkulunkulu uqhubeke ukumlalela. Umelwe ukuphila ngokuqhubeka ufane nje ngoJesu, ubonge ukusindiswa kwakho.

Funda kwabaseKolose 2:6-7 ne 1 ka Johane 2:6. Ungakhula enkolweni ngokwenza okulandelayo:

- **Lifunde ulilalele iBhayibeli.** Funda okukulo. Khumbula, eBhayibhelini kuphethene maqondana- nezindaba ezi-khonjwa yiNcwadi eNgenamazwi. Uma ufunda isi-qephu, uzibuze ukuthi kumi kanjani maqondana nalemibala eyisithupha.
- **Khuleka kuNkulunkulu.** Washo ukuthi ungakhuluma naye noma ngasiphi isikhathi noma mayelana ngayiphi indaba. Uma ucela lezizinto kuNkulunkulu egameni likaJesu eziqondene nentando yakhe, uyathembisa ukuthi uzowuzwa umthandazo wakho. Kodwa-ke uNkulunkulu akezwa imithandazo yobugovu. Funda umkhuleko uJesu wabafundisa abafundi bakhe. (NgokukaMathewu 6:9-13)
- Uma ungumntwana kaNkulunkulu, umelwe ukuqonda ukuthi uNkulunkulu wakusindisa ngenjongo. Uthanda ukuthi **utshale (ufakaze) kwabanye** ukuthi umkhulu kanjani futhi ulungile. Ngalokho okushoyo nokwen-zayo, udingeka ukubakhombisa ukuthi uNkulunkulu

u-yabathanda nabo, ufuna ukubenza nabo babe-ngabantwana bakhe. Ungasebenzisa iNcwadi eNgenamazwi ukukusiza ukutshela abanye ngoNkulunkulu

- Noma-ke ungumntwana kaNkulunkulu uzonde izono, uzokwenza nokho izono. Ungaqali-ke ukungabaza ukuthi ukholiwe yini. Kodwa nokho ungaqhubeki ukwenza lezizono. Udingeka **uvume** njalo **izono** zakho ucele uNkulunkulu ukuthi akuthethelele akusize ukuthi ungaphindi uzenze.
- Umoya oNgcwele uzokusiza ukhule enkolweni, kodwa uNkulunkulu ufuna ukuthi **abantwana bakhe basizane**. Kungakho udingeka ufune abangani abangamaKristu esontweni noma ungene ebandleni lika Kristu. Umelwe ukukhumbula ukuthi bonke abantwana bakaNkulunkulu bayadingana.

Ungadinwa ngemva kwesikhathi ukwenza konke lokho, ngokuba uJesu wenze isithembiso esimangalisayo. Ikhasi elinombala wesibhaka bhaka ukufundisa ngakho.

Bheka eBhayibhelini ukuthi kuthiwani ngenye nenye yalezizindaba:

- **LIFUNDE ULILALELE IBHAYIBHELI:**

AmaHubo 119:2	kuThimothewu 3:15-17
---------------	----------------------
- **KHULEKA:**

NgokukaMathewu 6:5-16	NgokukaJohane 15:7-8
KwabaseFilipi 4:6	EkaJakobe 4:1-3
- **FAKAZA:**

NgokukaMathewu 28:18-20	NgokukaJohane 20:21
Izenzo 1:8 ne 26:16-18 1	kaPetru 2:9-10
- **YUMAIZONO:**

Izaga 28:13 1	kaJohane 1:5-2:6
---------------	------------------
- **UKUKHULA KANYE NAMANYE AMAKHOLWA:**

Izenzo 2:37-47 1	kwabaseKorinte 12
Kwabase-Efesu 4:1-16	KumaHebheru 3:12-14 ne 10:25



UJesu uyabuya futhi ukuzolanda abantwana bakhe

UJesu uvuke phela ekufeni. Uyaphila! Ngaphambi kokuba enyukele ezulwini, wathembisa abafundi bakhe ukuthi uzobuya futhi ukuzolanda abantwana bakhe. (NgokukaJohane 14:3)

Akwaziwa-muntu ukuthi uJesu uzobuya nini, kodwa ungaqiniseka ukuthi ngempela uzobuya ukufeza zonke izithembiso zakhe. Kunokwenzeka masinyane kungalindelwe muntu. Lapho-ke ngeke kube-khona isikhathi sokulungisa konke okonakele. Akuzabakhona isikhathi kubantu ukuphenduka. Yilabo nje kuphela abalungisile, yibona bodwa nje abazohambisana noJesu. Ngokwamanje nje umemukele uJesu, ngeke kwenze umehluko noma uphila noma usuwashona, ngokuba nabo abantwana abakuNkulunkulu abasebafa, bazovuka ekufeni ngomzima omusha. Bazomukela konke uNkulunkulu akubathembisa.

Uma wena ukholwa kuJesu, uzofika akulande nawe. Ezulwini ngeke nakanye wenze izonzo. Akekho ozokufa futhi. Nokodwa kulezozinto ezimbi ebezizenzeka kaningi kuwe kulempilo zizobuya zenzeke futhi kuwe. Ngeke usalamba futhi noma ulimale ube nosizi. Kanye nabo bonke abantwana bakaNkulunkulu uzoba njalo kuNkulu-nkulu. Kuzobamandi kangaka ukuthi kungachazeki. Bonke bazomdumisa bamkhonze uNkulunkulu njalo-njalo.

Ngenkathi uJesu ebuya futhi, uza ukuzojezisa bonke abangavumanga ukukholwa kuye. Uzobaxosha abajezise ngenxa yokuba bangakholwanga nangenxa yezono zabo. Esihogweni bazokuzwa usizi nobuhlungu obukhulu njalo

kuze kube phakade.

Noma uJesu engabuya noma nini, awunakuvilapha wenze lutho. Umelwe uqhubeke usebenze uwondle nangomuzi wakho. Awunakuhlala nje undinde ulindele umbuso noma abanye bakondle. Njengokuba uJesu engabuya futhi noma nini, umelwe ukulalela uNkulunkulu, umelwe ukuphila impilo ehlanzekile engcwele.

Isizathu esisodwa sokuba uJesu engakafiki, siyukuba nokubekezela kukaNkulunkulu. Usanikeza abantu isikhathi ukuthi baphenduke. Kungakho uyakuyala ukutshela abanye ngoJesu ukuthi nabo bakholwe kuye.

Ulungele wena na? Uma ulungele awunakusaba ukubuya futhi kukaJesu. Ungakulindela ngokuba yisenzo esimangalisayo! Ufanele ukucela njalo emthandazweni wakho ukuthi uJesu akabuye futhi.

Lapha kukhona izindima ezithize ezichazayo:

NgokukaMathewu 24:14	2 KwabaseThesalonika 3:6-15
NgokukaMathewu 24:36-5:13	1 kuThimothewu 6:14-16
NgokukaJohane 14:1-3	2 kaPetru 3:1-18
1 KwabaseKorinte 15	1 kaJohane 2:28-3:3
2 KwabaseThesalonika 1:5-2:12	IsAmbulo 21 ne 22

Amos Agrimin

secretary@amosafrica.net
www.amosafrica.net



Amos Agrimin Regions

For contact- and bank details, visit our website.

Amos Agrimin Cape (Western-Cape)

Amos Agrimin Central (Free State and North West)

Amos Agrimin Northern-Cape (and remaining provinces)

Bank details:

Amos Agrimin
FNB Brandwag, 230534
Acc. 5299 000 8842

Also distributed by:



CHRISTIAN LITERATURE FUND
CHRISTELIKE LEKTUURFONDS

www.amosafrica.net